

UJESU KRISTU, NGUYENA

IZOLO, NAMUHLA, NAPHAKADE

 Bengibheke ngabomvu isikhathi eside salomhlangano lapha, ukuhlangu nani bantu abathandekayo lapha e-Indiana. Futhi emgwaqeni ngale kulobubusuku, bengicabanga nje, lona nje kuthi akube umhlangano wami wesine e-Indiana. Kuqala, ngicabanga ukuthi kwakuse-Indianapolis, bese kuthi-ke ngale e-Evansville, eHammond, nalapha, eSouth Bend, kube—kube kahlanu e-Indiana. Ngakho si... Kusobala, niyazi, ngivela e-Indiana, i—idolobha elincane laseJeffersonville, ngaphesheya nje kweLouisville, eKentucky.

² Kodwa ngilinde isikhathi eside, ukuba ngize, nginezincwadi amaletha ezivela phezulu phakathi lapha, futhi ngaba nencwadi evela kuMfowethu Ward. Futhi uMfowethu Roy Wead wangishayela ucingo, futhi, noma ngamshayela ucingo, njalo, futhi umncoma kakhulu uMfowethu Ward nomhlangano lapha. Impela kuyinhlankhla ukuba lapha, kulobubusuku, nabo bonke lababazalwane abakahle abasemsamo, abaxhasi bomhlangano.

³ Futhi bengitshela uBilly, ngingena kulobubusuku, imihlangano emihlanu yokugcina ebesikuyo kusukela ekuqaleni onyakeni, saletha isiphepho seqhwa edolobheni, esokuqala, eChicago, eWaterloo, eSouth Bend, nalapha, futhi sibe nesiphepho seqhwa kuzo zonke; ngakho ngithemba ukuthi aku... akukubi. Futhi ubengitshela, ngikholwa ukuthi indodakazi kaMfowethu Ward ilimele namhlanje, ngiyakholwa, engozini.

⁴ Futhi iNkosi enhle isanda kusivimbela nje ukuba sibe nembi kabi, futhi. Besikhuphuka igquma, nomfowethu ongumMennonite ubeshayela inqola eceleni kwegquma, futhi itrakhi kufanele ukuthi liphelelwe isineke, lasonteka ngale ngqo, futhi ngalesosikhathi nje, ubebuka uBilly ngqo ebusweni, futhi besingemva kwakhe ngqo. Ngakho, ngomusa kaNkulunkulu, sifike ohlangothini olulodwa lomgwaqo ngesikhathi nje ashwibeke ngaso; umshayeli kufanele ukuthi ubephuza, noma okuthize.

⁵ Ngakho, niyazi, isitha njalo sizama ukuphazamisa yonke into uNkulunkulu ayizamayo, e, azoyenza; uNkulunkulu akazami ukwenza noma yini, Uyakwenza nje. Kodwa nje kwenza isitha sithukuthele kakhulu ukuthi nje siyathanda uku—ukuhamba-hamba njengengonyama ebhongayo, sishwabadela esingakwazi. Kodwa uBaba wethu waseZulwini wazi zonke

izinto, futhi zonke izinto zisebenzelana kube ngokuhle kulabo abathanda uNkulunkulu.

⁶ Futhi manje, ngalempelaviki, engethemba ukuthi kuzoba ngesinye sezikhathi ezinhle zokuphila kwethu, laphe esihlanganyele khona ngaseZwini likaNkulunkulu kanye nabantu baKhe.

⁷ Futhi manje, siyathanda ukuthi ukwenza lesisimemezelo esincane ukuthi asizi njengabaphulukisi, ukuphulukisa abantu, siza njengomfowenu ukuzokukhulekela, futhi lolu uhlobo lwesiqubulo esincane engivame ukusisho: “Ngiza ukuzokhulekela umntwana kaNkulunkulu, isiguli sikadokotela, umngane wami.” UNkulunkulu unguMphulukisi. U... Ukuphulukisa kuyinto ethize eyinkathi edlule. “Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu; ngemivimbo yaYo siphilisiwe thina.”

⁸ Akekho onamandla okuphulukisa, angikholwa. Nakuba, iziphiwo zokuphulukisa eBhayibhelini, bezingasetshenziswa ngezindlela eziningi ezehlukene, lokho ngukuthi, umuntu onesiphiwo sokuphulukisa ubeyoba njengomuntu owayenesiphiwo sokuba ngumfundisi, kumchasiseli weBhayibheli, owayengakuchaza kahle kakhulu, lokho bekuyoletsha ukukholwa kubantu ngokuzwa iZwi. Futhi leyo yindlela yasekuqaleni neyokuqala yokwemukela noma yini kuNkulunkulu ngukuthatha iZwi laKhe ngakho.

⁹ Bengicabanga ngoJayiru eBhayibhelini ngenkathi ethi, “Woza, ubeke isandla saKho phezu kwendodakazi yami, futhi izophila.”

¹⁰ Kodwa induna yekhulu engumRoma, oweZizwe, wathi, “Angifanele ukuthi Ungene ngaphansi kophahla lwami, khuluma iZwi nje.” UJesu wakwazisa lokho, futhi ngi—ngiyakuthanda lokho, ngoba lowomRoma waqonda ukuthi uJesu wayenazo zonke izifo ziphansi kokulawula kwaKhe. Niyabo? “Khuluma iZwi nje, futhi inceku yami izophila.”

¹¹ Futhi yile yondlela esifuna ukuba yiyo, maKristu, ukwazisa, nokusukuma njengamakhulu, amasosha angamaqhawe ebusweni bengxabano, futhi sivumele uBaba wethu waseZulwini athi, “Nginomntwana engiziqhenya ngaye.” Niyazi, uNkulunkulu ubuka phezu kwethu kanjalo, ngoba, niyazi, Wathi uDavide wayengumuntu wenhliziyo yaKhe uQobo; futhi yile yondlela esifuna ukuba yiyo, emva kwenhliziyo yaKhe uQobo.

¹² Iningi labefundisi abashumayela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu ngokwejoyalekile ba, wonke lowo engake ngahlangana naye, ngabafundisi abakhulu beZwi. Abanye babo banokukhulu nje, ukukholwa okunamandla, bavele babeke izandla phezu kwabantu, futhi badazuluke, futhi benze isitha sibashiye. Manje, lokho ngukukholwa, leso

yisiphiwo sokukholwa. Bakholwa ukuthi bazokwemukela abakucelayo, yingalesosizathu bekubamba ngaleyondlela. Futhi ngiyawazisa amadoda anjalo, amadoda anjengo-Oral Roberts, no A. A. Allen, namaningi amadoda ensimini, eneziphiwo ezinkulu zobufundisi zikaMoya ukuhamba ekukholweni.

¹³ Manje, esincane, isiphiwo esithobekile iNkosi uJesu, ngomusa waYo, ingivumele ngaba naso, angisuye umshumayeli kangako, uma noma yimuphi wenu engazi, niyakwazi lokho, kodwa isiphiwo sami singombono, ukubona. Futhi manje, eBhayibhelini, sifundiswa ukuthi iziphiwo nokubizwa kungaphandle kokuphenduka. Akusikho ukuthi u...Ngoba uNkulunkulu ukunika isiphiwo esincane, akukwenzi wehluke kunoma ubani omunye, niyabo, sonke nje siyizidalwa ezingabantu, izoni ezisindiswe ngomusa waKhe, yikho konke esingakwenza ngathi uqobo. Futhi thina...

¹⁴ “Kodwa uNkulunkulu ubeke abanye eBandleni, kuqala *abaphostoli...*” noma *izithunywa zenkolo*, kokubili yigama elifanayo, elisho “othunyiwe.” Manje, abantu bake bafuna kanjani ukubizwa ngesithunywa *senkolo*, esikhundleni *somphostoli*, angazi, kodwa yigama elifanayo, “Lowo othunyiwe.” Abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abavangeli, abelusi, uNkulunkulu ubeke labo eBandleni. Manje, lokho yiziphiwo zaKhe zobufundisi ezinikezwe iBandla.

¹⁵ Manje, ebandleni ngalinye lendawo kuneziphiwo zokomoya eziyisishiyagalolunye esinikezwe abantu, futhi lokho ngukuthi, okungukuthi niyazi, kwabaseKorinte bokuQala 12, sokukhuluma ngezilimi, nokuhumusha, nesiphiwo sokuprofetha, no—nokuhlakanipha, nokwazi, nokunye nokunye, lezoziphiwo zobufundisi, noma, lezoziphiwo ezingena ebandleni, okungukuthi lonke ilunga loMzimba kaKristu lithobela noma yisiphi salezoziphiwo noma ngasiphi isikhathi, uNkulunkulu uyabapha, futhi usebenza ngamalunga eBandla laKhe. Futhi zonke zisebenzelana ndawonye ngenhloso eyodwa, ekupheleliseni uMzimba kaKristu.

¹⁶ Futhi yilokho esikukhonela lapha kulobubusuku, uku... okokuhlela ngokwenqubo, noma ukulungela ukubonakala masinya koMsindisi wethu obusisiwe, uJesu Kristu, esimkholwa ngayo yonke inhliziyo yethu, masinya uzokwehla adabule ezibhakabhakeni ukuyisa iBandla eKhaya, leyo yinsali yalabo abaMthandayo nabagcina imiyalo kaNkulunkulu.

¹⁷ Futhi sikholwa ukuthi siphila kulolohlobo losuku manje, lapho iziputniki zizezibhakabhakeni, no—nombhoshongo wesimodeni waseBabele uyakhiwa, bandizela enyangeni, kanjalonjalo. Sikholwa ukuthi uJesu uyeza masinyane, futhi isikhathi sesedlule kunoma sicabanga.

¹⁸ Yingakho ngiphakathi lapha kulobubusuku nabangane bami abathandekayo, abathandiweyo lapha, abefundisi

okulomsamo, nabanye abase—ezethamelini, ukuzofaka phakathi lomhlangano omncane, ukuzama ukuletha, mhlawumbe, kini, ngokwazi kwami okwedlula konke, i, lokho uNkulunkulu abeyoba nakho ngalolusuku. Futhi ukubeka inkonzo yami nenkonzo yalabafowethu akusikho ukwenza lokhu kwehluke, kodwa okuzokwenza ukudumisa uJesu Kristu kubo bonke abefundisi namabandla abo, kungokwalokho-ke, yileyo nto kuphela okuhloselwe yona, kungokwalokho. Nokuthola abazalwane bokukholwa okuyigugu okufanayo, ngempela kuyayixhuxhumisa inhliziyi yami, ngoba ukuhlwa kuyeza, amathunzi ayehla, nosuku seluphelile.

¹⁹ Futhi ngingathanda ukubuyela emuva ngesinye isikhathi, uma iNkosi ibiyovuma ngaphambi kokuFika kwaYo, ukuba ngibuyele umhlangano omude ngokuthe xaxa. Abantu engihlangane nabo selokhu ngibe sedolobheni lenu, cishe amahora amathathu, noma ngaphezulu kancane, ubethandeka, abantu abakahle, futhi ngi—ngiyakuthanda lokho. Amakamelo ebesihlala kuwo, abantu abakahle kakhulu.

²⁰ Besidla endaweni encane kulentambama lapha, hhayi indawo encane, bekungenhle, indawo enkulu, nenenekazi alisivumelanga ngisho ukuba sikukhokhele, lathi, “Uyisivakashi sami.” Angikaze ngiphathwe ngaleyondlela nomaphi, ngakho lokho bekukuhle kakhulu.

²¹ Ngakho, ngibonga ngempela ngalona umusa omuhle, nokuza emsamo, kulobubusuku, nokuxhawulana nalamadoda akahle nemimoya emihle emadodeni uku...sikholwa-ke ukuthi uNkulunkulu ngalokhu uzosihlanganisa ndawonye okombuthano omkhulu manje walezizinsuku ezimbalwa ezilandelayo. Kwangathi Angasipha khona, ngumkhuleko wami.

²² Futhi manje, khumbulani kanye futhi, ukuze ngiziqiniseka ukuthi lapho abantu beqala ukungena mhlawumbe, uma iziphapho zingabi zinkulu kakhulu, ukuvimbela izixuku zethu—zethu zabantu, khumbulani, ngithi ukuphulukisa kuyinto ethize esivele yenzekile. Wonke umuntu phakathi lapha uphulukisiwe iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolune nento, selokhu uKristu afa. Niyabo? Futhi okuwukuphela kwe... Futhi sonke isoni phakathi lapha sesisindiswe isikhathi eside kangako, futhi. Kodwa akusoze kwakusiza ngalutho, uze uMemukele njengoMsindisi oqondene nawe. Niyabo? U...

²³ Waxazulula umbuzo wesono ngenkathi Efa, Waxazulula umbuzo wokugula ngenkathi Efa, kodwa wukukholwa kwethu komuntu ngamunye kulesosibusiso Asihlengela kuso, wasikhipha ezweni ukuba semukele lesisibusiso. Noma mhlawumbe ngingakwenza kanje: Ngukukholwa kwethu siqu entweni Asevele esenzele yona, futhi lapho semukela lokho, siyaphulukiswa ngomzuzu sikukholwa. Ukuba bengingama

lapha kulobubusuku futhi ngithi, “UJesu Kristu uniphulukisile, nonke, eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, ngemivimbo yaKhe naphulukiswa. . .”

²⁴ Futhi manje ake ngisho lokhu, futhi, ukuthi akukho sibusiso eBhayibhelini ongasithola ngaphandle kokukuvuma kuqala. Wathi UngumPristi oMkhulu wokuvuma kwethu. KumaHeberu lapho, 3, athi ukusho kwethu, *ukusho nokuvuma* yigama elifanayo.

²⁵ Manje, uma—uma EngumPristi oMkhulu wokuvuma kwethu, khona-ke U—Uhlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu uBaba ukwenza ukunxusela phezu kokuvuma kwethu. Niyakukholwa lokho na? Impela. Manje, Wenzani na? NjengomPristi oMkhulu neGazi laKhe uQobo phambi kukaBaba ukuba asebenzele phezu kokuvuma kwethu. Esikuvumayo ukuthi Ukwenzile, Umi phambi kukaBaba ukwenza kuhle ukuvuma kwethu. Futhi manje, lapho. . .

²⁶ Besingeza e-altare, futhi sikhuleke ubusuku bonke, sibuyele emuva futhi sizile izinsuku eziyishumi, futhi sibuyele futhi sikhuleke futhi, singahle sikhale, ngiyakholelwa kukho konke lokho, lokho konke kulungile, kodwa singahle sikwenze konke lokho futhi sibe sisalokhu singasindisiwe. Size thina ezinhliziyweni zethu sikholelwe ukuthi uKristu wafa esikhundleni sethu, futhi sizibale njengezoni, futhi semukele ukulunga kwaKhe, lapho senza lokho futhi siMamukele, Umi phambi kukaBaba khona-ke ukwenza kuhle lokho kuvuma. Kunjalo. Futhi into efanayo, “Ngemivimbo yaKhe, siphilisiwe thina.”

²⁷ Futhi kusho ukuthini *ukuvuma* na? *Ukuvuma* kusho ukuthi, “yisho into efanayo.” Ungasho lutho oluphambene, kodwa yisho lokho Akusho. Khona-ke siyoba ngabantwana baka-Abrahama, abebengabiza lezozinto ezazingekho ngokungathi zazikhona lapho uNkulunkulu esho okuthize.

²⁸ U-Abrahama eneminyaka eyikhulu ubudala ngaphambi kokuba Emukele isithembiso, kodwa kuyo yonke leyominyaka engamashumi amabili nanhlanu, akunandaba ukuthi kwathatha isikhathi eside kangakanani, u-Abrahama washiya yonke into ephambene neZwi likaNkulunkulu. Akunandaba ukuthi izimo zazibukeka kanjani, Wa—Wakhuthazela sengathi uyaMbona Owayengabonwa. Futhi Wabiza izinto ezazikhona ngokungathi zazingekho: ubuthakathaka besizalo sikaSara, ukufa kwaso, ukufa komzimba wakhe uqobo.

²⁹ Eneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala ngenkathi uNkulunkulu emnika isithembiso, wayeneminyaka eyikhulu ubudala ngaphambi kokuba ingane ize ifike, kodwa esikhundleni sokuba buthakathaka, waya ngokuqina ngaso sonke isikhathi, kube yisimangaliso kakhulu, evuma ukuthi wayengazi lutho olunye. Wayesevele enayo yonke into isilungele ingane, futhi balinda iminyaka engamashumi

amabili nanhlanu, baba namandla ngaso sonke isikhathi ngoba uNkulunkulu washo njalo. Futhi singabantwana baka-Abrahama, futhi uma singabantwana baka-Abrahama, ukukholwa kuka-Abrahama kuhlala kithi, futhi sibiza noma yini ephambene neZwi likaNkulunkulu, niyabo, ngokungathi yayingenjalo, sikholwa yilokho uNkulunkulu akushilo.

³⁰ Manje, ngaphambi kokuba sivule iZwi laKhe, okwesikhuthazo esincane nje, futhi ngaphambi kokuba sikhulekele abagulayo, asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

³¹ Nkulunkulu oPhakade noBusisiweyo, Owathi endulo nangezindlela eziningi, wakhuluma kobaba ngabaprofethi, kodwa ngalolusuku lokugcina ukhulume kithi ngeNdodana yaKho ethandekayo, iNkosi uJesu. O, sithanda kanjani ukuhlangana ndawonye ezindaweni zaseZulwini, sibuthene eGameni laKhe, lapho Ethembisa khona ukuthi Uyohlangana nathi, futhi lapho sihlanganyele ngaseZwini laKhe, ukuba nenhlahlala yokuzizwela uMoya waKhe wobuNkulunkulu lapho Ungena phezu kwethu futhi usinika ukugcotshwa ezimpilweni zethu, kube ngubufakazi eZwini likaNkulunkulu ophilayo!

³² Sithethelele, Baba wethu obusisiweyo, kulobubusuku, nganoma yini esiyenzile, noma sayisho, noma ngisho sayicabanga lokho bekuyophambana nentando yaKho yobuNkulunkulu. O Nkosi Nkulunkulu, sigeze eGazini loMntwana waKho, njengoba ngokuzithoba sivuma amaphutha ethu. Thululela phezu kwethu kulobubusuku lowoMoya othenjisiwe.

³³ Njengoba sibona izinsuku zabeZizwe ziphela, nokuFika kweNkosi uJesu ebusisiwe, sizocela ukuthi izinhliziyo zethu ziyokwenziwa zibemsulwa njengoba sitadisha iZwi. Siphe iZwi ngokugeza kwamanzi ngeZwi, ukuze Lizohlanza izingqondo zethu kukho konke ukungakholwa. Susa phakathi kwethu noma yimaphi amathunzi. Masibe nomusa wobuNkulunkulu kuWe kulobubusuku, Nkosi Nkulunkulu.

³⁴ Futhi sikhulekela ukuthi Uzongcwelisa ngisho lesisakhiwo umhlangano obanjelwa kuso, ukuze iziNgelosi zikaNkulunkulu zithathe izindawo zazo ngasezinsikeni, nangasezihlalweni, nakuwo wonke umuntu ozohlala kulesisakhiwo, futhi yipha, Nkulunkulu uSomandla, ukuthi izinhliziyo zabo zizoshukuniswa nguBukhona baKho.

³⁵ Busisa lababazalwane abakhonzisayo kulomsamo, futhi mhlawumbe abaningi phandle lapho abangakwazanga ukungena emsamo. Sizocela ukuthi lesi kuzoba yisikhathi esikhulu sokuhlumelelisa abantwana benu nabelusi benu, abelusi bezimvu bomhlambi. Kwangathi uBukhona baKho bungaba bukhulu kakhulu ukuthi Buyobaphefumulela

ukuba benyuke basondele ngokuthe xaxa, babambe kabusha, nokwelusa izimvu ngendlela enkulu.

³⁶ Nkosi, siza mina inceku yaKho engenasizo, ngihlanze kukho konke ukungcola, noma yini eyoba sempilweni yami, ebingeke nje ibe ngokwentando yaKho kimi, kususe, O Nkulunkulu. Futhi makuthi uMoya waKho wobuNkulunkulu udlule kithi sonke ukuthi lapho sisuka lapha kulobubusuku futhi siqale emigwaqeni yethu siya ezindaweni zethu ezechukene, kwangathi singakwazi ukusho njengalabo ababevela e-Emawuse, “Izinhliziyi zethu bezingavuthi yini phakathi kwethu, lapho Ekhluluma kithi endleleni na?”

³⁷ Sizocela kulobubusuku indodakazi kaMfowethu Ward, iza emhlanganweni ukuzobingelela uyise nonina. Sizabalaza kanjani ukungenisa abantwana bethu ezikoleni! Njengoba beyiza ngendlela yayo ukuzozwa iVangeli lomusa waKho wobuNkulunkulu ukuphulukisa abagulayo, isitha siyibangele ukuba ifihlizwe, noma, iphoswe emotweni, noma ngandlela thize, futhi kuyilimazile. Mhlawumbe ilele embhedeni ndawondawo manje ilindile. O, makuthi umusa omkhulu kaNkulunkulu noBukhona baKhe bobuNkulunkulu, busibekele lowomntwana ngalomzuzu.

³⁸ Sithi isitha: Susa isandla sakho kulowomntwana!

³⁹ Futhi kwangathi umusa weNkosi uJesu ungayibusisa ukuthi akukho kulimala okuvela kulokhu. Siphe khona, Baba. Kwangathi ingashesha iye ekhaya, futhi iphile futhi ibe nempilo, futhi nje ibe ngubufakazi bomusa kaNkulunkulu. Phulukisa abanye, Nkosi, abalindile. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen.

⁴⁰ EZwini leNkosi kulobubusuku, okwencane nje, indikimba ejwayelekile, bese kuthi-ke nje ukukhuluma imizuzwana embalwa, ngoba ngiyazi abanengi benu bangahle badingeke bashaye baye kude futhi kuyashelela. Kodwa ngizonicela kusasa ngenani ocingweni, futhi nibize abantu abagulayo, nomakhelwane benu, futhi nibakhiphe, ukuze sibakhulekele, futhi sithole abangane abayizoni futhi sibangenise, wonke umuntu uyokwemukelwa. Uma beyizoni, lokho kulungile, lena yindawo lapho abafanele babekhona.

⁴¹ Futhi manje ngifuna ukuthatha ukufundwa komBhalo kuJohane oNgcwele 12:20:

Kwakukhona amaGreeki athile phakathi kwababenyukele ukukhuleka emkhosini:

Lawo-ke aya kuFiliphu waseBetsayida laseGalile, bamcela, bathi, Mnumzane, sithanda ukubona uJesu.

⁴² Ngwufundile lomBhalo izikhathi eziningi, kodwa angikaze ngwufunde ngaphandle uma uxhuxhumisa inhliziyi yami. IZwi likaNkulunkulu liPhakade nje njengoba uNkulunkulu

enjalo Yena uqobo, noNkulunkulu uyingxenye yeZwi laKhe. Ngi. . . izwi lami, ufana nezwi lakho, noNkulunkulu akangcono kuneZwi laKhe. Futhi kwehle njalo onyakeni, ngenkathi abantu esafunde lamaZwi, kwaxhuxhumisa izinhlizyo zabo.

⁴³ Khona-ke okwengqikithi encane, noma okwendikimba, njalo, njengoba umongo womkhankaso usekelwe kumaHeberu 13:8: *UJesu Kristu, UnguYe Izolo, Namuhla, NaPhakade*.

⁴⁴ Ngingathanda ukukhuluma kulendawana: Kungani singenakuMbona na? Futhi ngicabanga ukuthi lamaGreki eza emkhosini azwakalisa kahle umuzwa walezizethameli kulobubusuku. Futhi wonke umuntu owake wezwa leloGama elimangalisayo likaJesu Kristu, ubelangazelela ukuMbona. O, amathemba enhlizyo yami ngukuMbona! Injongo yempilo yami, nempokophelo yami enkulu ingukuthi ngelinye ilanga ngiyakuMbona ubuso nobuso. UkuMthinta nje bekuyobiza izimpilo eziyinkulungwane zenkonzo, nalezozimpilo ezigcwele imizabalazo, futhi, ukuMbona nje.

⁴⁵ Futhi emkhosini lamaGreki enyuka, futhi ayenokufisa ukuMbona. Futhi niqaphelile na? Acela oyedwa abangani baKhe ukuMbona. Yileiyondlela ngamunye wenu maKristu, mhlampe, nifanele nibone uJesu, kwakungenkathi wethulwa ngumngane, omunye wabelusi, noma abashumayeli, abavangeli, noma omunye, owakwethula eNkosini uJesu ngokushumayela iZwi laKhe.

⁴⁶ Esikhathini esithile esedlule, ngezwa indaba encane evela emfuleni lapho engihlala khona, nguMfula i-Ohio, futhi kwakukhona umfana omncane, owayevame ukuya kuSonto Sikole njalo ekuseni, ngeSonto ekuseni, futhi wayengoshisekelayo, umfo omncane, futhi wa—wadlala phansi emfuleni kancanyana impela.

⁴⁷ Futhi akekho umuntu ongahamba-hamba futhi abone izihlahla, nokuthi uNkulunkulu wayehlala kanjani esihlahleni. . . Niyazi, kwakukhona indaba enkulu mayelana nesihlahla kanye, sikaMose esihlahleni, wabona iNgelosi ivutha.

⁴⁸ Kodwa benazi yini, ungeke wabuka noma yisiphi isihlahla ngaphandle kokubona uNkulunkulu. Buhlakani buni obukulesosihlahla esincane, lapho ubusika bufika, ukugijimisa lawomanzi esihlahla ehlele ezimpendeni ukuba ahlale lapho kuze kube yintwasahlobo, bese-ke siwabuyisela phezulu futhi na? Beka amanzi othini, bese ubona ukuthi bukhona yini ubuhlakani bokuwehlisela emhlabathini bese buwabuyisela phezulu othini. UNkulunkulu ukuzo zonke izihlahla, Ukuzo zonke imbali. Uma nje ubuka, ungaMbona yonke indawo. Muhle, ngaleyondlela sonke besingamBona.

⁴⁹ Nalomfanyana wathi kunina ngelinye ilanga, umama wathi, noma, umfana wathi kuye, wathi, “Mama, ukhona ongabona uNkulunkulu na?”

Wathi, “Buza umelusi.”

Ngakho wathi, “Ngibuze uthisha wami kaSonto sikole, futhi ungitshele ukuba ngibuze wena.” Futhi wathi, “Manje uthi buza umelusi.”

⁵⁰ Ngakho wabuza umelusi, nomelusi wathi, “Impela ngeke, ndodana. Akekho ongabona uNkulunkulu.”

⁵¹ Ngakho ngoluny’usuku, wayenomdobi omdala enhla emfuleni, futhi esendleleni yakhe ebheke ezansi, kwakukade kuqubuke isiphepho, namaqabunga onke ayehlanzekile, njengoba iziphepho zihlanza amaqabunga othulini. Nokugeleza okuncane, lapho umfula ugxuma ubuyela emuva kuyinqubo yawo ejwayelekile, futhi nje umshayeli wesikebhe uyazi ukuthi sinjani isigqi salawomagagasi amancane edlala-dlala ezigwedlweni, futhi lapho edonsa isikebhe, umfo omdala wayelokhu ebuka phezu kwehlombe lakhe.

⁵² Futhi emva kwesikhashana, umfanyana, ehlezi kwingemuva lesikebhe esincane esigwedlwayo, waqaphela izinyembezi ezinkulu zehla entshebeni yendoda esikhulile, ziconsa emehlweni ayo. Nomfo omncane waba nomdlandla kakhulu, wathi, “Mnumzane, ubukani na?”

Wathi, “Lolothingo lwenkosazana.”

Futhi wathi, “Ngizokubuza umbuzo okungekho muntu obonakala ekwazi ukungiphendula: Ukhona ongabona uNkulunkulu na?”

⁵³ Futhi kwakukukhulu kakhulu kumdobi omdala, wadonsa izigwedlo ethangeni lakhe, wagaxa umfana omncane, futhi wathi, “Izibusiso kuwe, ndoda yami encane, konke engikubonile iminyaka engamashumi amane bekunguNkulunkulu.”

⁵⁴ Kakhulu nje uNkulunkulu ngaphakathi, ungaMbona nomaphi. Yileyondlela esithola ngayo uNkulunkulu kungenkathi Engaphakathi ebuka ngaphandle.

⁵⁵ Lamadoda ayefuna ukuthola, futhi abone ukuthi Wayebukeka kanjani. Futhi ngiyacabanga, emva kweminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye... Futhi siyafundiswa ukuthi uJesu Kristu unguye izolo, namuhla, naphakade. Nokuthi sinikele kanjani ukwakha amabandla, sathumela izithunywa zenkolo ensimini! Futhi ezikhathini ezinzima, ukuthi nina bantu abasha anikhumbuli, kodwa thina bantu abadala, ngenkathi ukucindezeleka kwakuqhubeka, ukuthi sasidingeka kanjani nje sihlephule ucezu lwesinkwa phakathi kwethu, sizabalaze ukuba sibambelele. Kumayelana nani konke lokhu na? Ngabe nje ulwazi lokudabuka kwezinto zonke na? Uma nje kungulwazi lokudabuka kwezinto zonke, ubuMohamede bungaveza nje ulwazi lokudabuka kwezinto zonke njengobuKristu.

⁵⁶ Ngabe isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo na? Awu, uBuda angaveza nje impela isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo njengobuKristu. O, bangena ekuthukutheleni kwengane, futhi bayadazuluka, futhi ba... Futhi abakaMohamede bafaka izincezu ezicijile eminweni yabo, futhi baludonse ngaphandle kokopha, nemikhonto ezilevini zabo. Futhi ngibabonile bethatha inkemba lapho eZurich, babajikijela ngenkemba, bese bebhoboza umhlane wabo ngayo, futhi bathele amanzi adlule kuyo ngaphansi kwaleso siyaluyalu sokusetshenzwa, kanjalonjalo.

⁵⁷ Ngakho siyabona, noma iyiphi inkolo ingaveza isayense ephathelene nokusebenza kwengqondo, futhi ibingaveza ulwazi lokudabuka kwezinto zonke, kodwa iBhayibheli lisho ukuthi uKristu wavuka futhi, futhi Uphila kuze kube phakade. Akusilo ulwazi lokudabuka kwezinto zonke, kepha nokho kunjalo. Kodwa ngulwazi lokudabuka kwezinto zonke, futhi okuyiyona kuphela inkolo engafakazelwa ukuthi iyiqiniso. Ngakho awunalutho ukuba ukhathazeke ngalo, futhi bonke bafanele bathokoze ngoba uNkulunkulu wethu uyaphila, ngokufanayo nje namhlanje njengoba Wayelokhu ephila. Onke amandla aKhe nezinto kwenele nje, futhi nje kunikezwe ngokuzithandela njengoba kwakulokhu kunjalo. O, lokho kufanele kusenze sijabule ngokwedlulele ukwazi lokho!

⁵⁸ Futhi manje, uma Evukile futhi kwabafileyo... Manje ngisho ukuthi *uma* kungesikho ukuthuka okungcwele, kodwa nje okwephuzu. Uma Evukile kwabafileyo futhi ephila, iBhayibheli liyaMmemezela ukuthi unguye, izolo, namuhla, naphakade. Bese kuthi-ke, uma Esenguye, Usafana ngomgomo, ofanayo emandleni, ofanayo ekubonakalisweni, indlela kuphela Abeyokwehluka ngayo, bekuyoba ngumzimba wenyama. Nomzimba waKhe wenyama usesandleni sokunene se—sesiHlalo sobukhosi sikaBaba, wenza ukunxusela phezu kwezivumo zethu.

⁵⁹ Futhi noma yini Ayifelayo, noma iyiphi ingxenye engahlukaniseki ukubuyisana kwaKhe okwayibizayo, impahla eqondene nathi engeyethu—engeyethu yalo lonke ikholwa ukukwemukela, futhi likuvume njengomsebenzi osuqediwe, futhi likwemukela. “Umkhulu kangaka, Umkhulu kangaka!”

⁶⁰ Futhi kubonakala kusebandleni lamaKristu namhlanje ukuthi isithiyo esikhulu kunazo zonke ibandla lamaKristu elinaso ngukwesaba, ukukuzama nje. Manje, ubuKristu abusikho *ukukuzama*, kungukwazi *kanjalo*, kuyinto eyiyo ngempela.

⁶¹ Manje, e... Ngaphambi kokuba uMsindisi wethu obusisiwe ashiye izwe, Wathi kuJohane oNgcwele 15, ngiyakholwa, “NgingumVini, nina ningamagatsha.” Manje, umvini awutheli isithelo, amagatsha athela isithelo, kodwa igatsha lingeke

lathela isithelo, ngaphandle uma lisemvinini. Manje, njengoba nazi u—umvini, manje-ke, ngohlobo lwesithelo osithelayo.

⁶² Uma sizibiza ngamaKristu namhlanje futhi singayitheli imisebenzi yeNkosi yethu uJesu, Ayisho kuJohane oNgcwele 14:7, “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza.” Bese kuthi-ke, uma lelibandla lingatheli isithelo so—soMvini, nesithelo esifanayo soMvini ofanayo, khona-ke thina besiyoxhunyw komunye umvini; njengoswela lwasendle elalikhona ngezinsuku zika-Elisha.

⁶³ Manje, singahlela ibandla, kuhle; singahlela amabhodi abadikoni, kulungile; singakha amabandla amahle, kuhle kakhulu; singaba namahle, amadoda nabesifazane afundile, kule kakhulu, kodwa lokho kusalokhu kungesikho Akusho, Wathi, “Hambani niye ezweni lonke nishumayele iVangeli.”

⁶⁴ “Futhi iVangeli,” uPawulu wathi, “alifikanga ngeZwi kuphela, kodwa ngamandla nokubonakaliswa, noma izibonakaliso zikaMoya oNgcwele,” njengophilayo, uNkulunkulu ovukile ehamba phakathi kwamalunga oMzimba waKhe.

⁶⁵ Manje, uma kungumvini wethanga, uzothela amathanga; uma kungumvini wekhabe, uzoba namakhabe; uma kungumvini wamagilebhisi, uzoba namagilebhisi; futhi uma Kungumvini wamaKristu, uKristu eBandleni, Uzofaka amandla amatatsha aKhe elikuYe ukuthela izithelo Azithela ngenkathi Elapha emhlabeni, okuMmemezelayo, khona-ke, ukuthi unguye, izolo, namuhla, naphakade.

⁶⁶ Manje, ake sithole umbono imizuzwana embalwa, impilo yeNkosi yethu. Yinye kuphela indawo eBhayibhelini esicelwa ukuba silwe ngayo, ngokwazi kwami, futhi leyo iseNcwadini kaJuda, futhi lokho ngukuthi, “Niqinise ukulwela ukukholwa *uqobo* okwanikelwa kwaba kanye kwabangcwele.” Manje, hhayi ukukholwa *nje*, kodwa ukukholwa *uqobo*.

⁶⁷ Futhi ezethamelini ezixubile, besiyothi, ibandla leMethodisti, “Yebo, silwela lokho kukholwa.”

IBaptisti, “Yebo.”

IPentecostal, “Yebo.”

IChurch of God, “Yebo.”

INazarene, “Yebo,” ngiyakukholwa lokho.

⁶⁸ Kodwa ngiyakholwa, ukuthi iBandla selivuthwe kakhulu manje, lize Libuyele esimweni saLo sasekuqaleni. Njengohlamvu lommbila, ngenkathi lumila ensimini, kwakungamahlumela amancane, njengamaqabunga amancane, kodwa kwakungummbila. Ngokushesha ummbila wathi ukuphakama kancane futhi uba yintshakaza, intshakaza ibheka emuva bese ithi, “Angisenamsebenzi ngawe, cembe, ngiyintshakaza, ngehlukile.” Futhi lokho mhlawumbe

kwakuyihlumela lokuqala, besingakubiza ngenguquko yokuqala, uLuther, inguquko, ibandla lamaLuthela.

⁶⁹ Kodwa ngenkathi abakaWesley befika nemvuselelo yabo, bathi, “Asisanidingi nina maLuthela, nhlobo.” Kodwa benazi yini ukuthi khona impela ukuphila okwakusecembeni, kwenza intshakaza na? Futhi ayikwazi ukuqhubeka ize isebenzise icembe, ngoba sine...yimpova, izithintitha yehle iyongena ecembeni, futhi lapho kuveza isikhwebu. Ngokushesha, kwaphuma isikhwebu sommbila, sasinezinhlamvu kuso. Leyo kwakuyiPentecostal, ukubuyiselwa kweziphiwo zibuyela ebandleni.

⁷⁰ Manje, icembe alikwazi ukubuka emuva bese lithi, “Ntshakaza, angikudingi, noma cembe noma yikuphi,” ngoba kuthathe icembe nentshakaza ukwenza isikhwebu. Kuyini na? YiBandla likaNkulunkulu, liqhubeke nokuvuthwa, nakho konke okukuLo.

⁷¹ Singazibona lezizinto manje ukuthi isikhwebu sivuthiwe, siphela njengoba isikhathi siphela. O, ngiyazi sinesikhunta esiningi kulesi sikhwebu, kodwa kuseyisikhwebu, ngokufanayo nje. Kunjalo. Sinenqwaba yokungena nokuphuma, nezimfundiso ezigqamileyo ezincane, kodwa uNkulunkulu uzokushefa lokho konke ngolunye lwalezizinsuku, futhi Uzoba nesikhwebu esiphelele sommbila ngolunye lwalezizinsuku. UMoya oNgcwele ofanayo owehlela ePhentekoste uyakuletha konke.

⁷² Manje, uma besiyohlola lomvini, manje, ekuqaleni kwawo...Manje, asibheke emuva. Ngokwejoyelekile si...Emhlanganweni, kufanele kube ubusuku obuthathu bokufundisa, ngaphambi kokuba ngisho sibe nomugqa womkhuleko, ngoba izikhathi eziningi, futhi ngalezizinsuku ikakhulukazi, lapho abantu abangenjalo, mhlawumbe, befundiswe nje ezintweni ezijulile zalomnyakazo omkhulu kaNkulunkulu kuleminyaka engamashumi amane edlule oshanele umhlaba jikelele, bangahle bangaqondi kahle nje, futhi beza nje ngokugxeka okuncane, noma okuthize, noma mhlawumbe bengafuni ukuba njalo, kodwa bengaliqondi iZwi. Ngakho ungazibonela ukuthi bekuyoba ngumsebenzi onjani ukuba uMoya oNgcwele ucindezela lokho kungene ezinhliziyweni ngobusuku obubodwa.

⁷³ Qaphelani, asiphenye nje manje, ngifunde kuJohane oNgcwele kulobubusuku, asibuyele emuva futhi sithole ukuthi uJesu ubeyini izolo. Futhi uma singathola ukuthi uJesu ubeyini izolo, khona-ke besifanele sibe nomqondo omuhle wokuthi Uyini namhlanje. Futhi uma besingathola ukuthi Wazibonakalisa kanjani Yena uqobo ukwazisa abantu, impela, ukuthi kwakunguYe uMesiya, Ufanele enze into efanayo namhlanje uma Esenguye.

⁷⁴ Manje, siyathola lapha kuJohane oNgcwele ukuthi ekuqaleni lapho uNkulunkulu wayenze uKristu indawo yaKhe yokuhlala... Futhi uNkulunkulu wayekuKristu, ebuyisana nezwe kuYe uqobo, sonke siyakukholwa lokho, uNkulunkulu etabernakele enyameni. Manje, kuYe kwakungukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba, kodwa ngenkathi Ehlangana nodeveli, Akazange azame ukusebenzisa noma yimaphi amandla aKhe, nokho, uBaba wayengakhuluma noma yini ngaYe, kodwa Akazange akusebenzise, Wasebenzisa iZwi likaBaba elilotshiwe. Futhi Akazange asebenzise amandla aKhe, kodwa Wasebenzisa iZwi likaNkulunkulu, wayesethi, “Kulotshiwe, Akusinkwa sodwa umuntu ayakuphila ngaso, kodwa ngamaZwi onke aphuma emlonyeni kaNkulunkulu, noma, avela emlonyeni kaNkulunkulu.” Niyabo, Wehlula udeveli eZwini likaYise.

⁷⁵ Futhi ake ngisho lokhu manje: ukuthi iZwi likaNkulunkulu lizonqoba udeveli noma kuphi, noma ngasiphi isikhathi, kumbe noma yiyiphi indawo Lizomehlula udeveli. Nesimo somqondo esifanele ngakunoma yisiphi isithembiso sobuNkulunkulu sikaNkulunkulu sizokufezekisa. Uma ungakubuka ngendlela uNkulunkulu akuloba ngayo, futhi ukwemukele enhliziyweni yakho, uNkulunkulu uzokwenza leloZwi libe ukuphila.

⁷⁶ Enye indoda yathi kimi ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, yathi, “Usho ukuthi, Mnu. Branham,” emva kokuba sengishumayeke ngesandla esiloba odongeni, nesiputniki esibhakabhakeni, yathi, “Usho ukuthi, ukuthi uyakholwa ukuthi lelizwe liyobhujiswa na? Kungenzeka kanjani na?”

Ngathi, “IZwi elifanayo elakhuluma laba khona, lizokukhuluma lingabibikho.” KungeZwi likaNkulunkulu ukuthi kunjalo.

⁷⁷ Ake siqaphele ukuthi uJesu wenzani nokuphila Akuphila, khona-ke ake sibone ukuthi singaMthola yini kulobubusuku. Futhi manje qaphelani, sithola ukuthi ngenkathi Eqala ukubiza abafundi baKhe lapha, kwakukhona oyedwa owaphenduka ogama linguSimoni, wayengumdobi. IBhayibheli lathi wayengazi lutho, nomuntu ongafundile. Kodwa akumangalisi yini ukuthi uNkulunkulu ubeyobiza umuntu onjalo njengalowo na? UNkulunkulu ufuna izinhliziyi Angasebenza kuzo ngaphakathi futhi asebenze kuzo ngaphandle. Futhi ngenkathi lomdobi efika nomfowabo, u-Andreya, siyathola lapha eBhayibhelini into eshaqisa kakhulu.

⁷⁸ Kungukuthi sekuleyithi kancane, ngeke ngithathe isikhathi sokukufunda, fundani nje uJohane oNgcwele isahluko 1 lapho seniya ekhaya.

⁷⁹ Futhi sithola ukuthi ngenkathi uSimoni enyukela eBukhoneni beNkosi uJesu, uJesu wamtshela ukuthi wayengubani futhi wamtshela ukuthi igama likayise lalingubani. Yilokho iBhayibheli elakushoyo, “Wena

unguSimoni, indodana kaJonase.” Futhi Wayezomnika igama ngaleyonkathi lika*Petru*, okuchaza, “itshe elincane.” Ngiyamangala ukuthi leyondoda yazizwa kanjani ngenkathi ibone uMuntu oxakile eyitshela into enjengaleyo.

⁸⁰ Kwakukhona oyedwa owayemi eduze, ogama linguFiliphu, futhi wayengowaseBetsayida, umuzi ofanayo uSimoni Petru ayehlala kuwo. Futhi ngenkathi ebona lokhu kwenzeka, uyahamba uzungeza intaba, futhi uthola umngane ogama linguNathanayeli. Futhi uNathanayeli wayeqinile impela, ikholwa loMthetho ebandleni elidala lamaJuda. Futhi ngenkathi ethola lendoda, uNathanayeli, wayengaphansi komuthi, ekhuleka, futhi manje, walinda mhlampe, engumnumzane ohloniphekile, waze waqeda ukukhuleka, futhi wayethi, “O, Nathanayeli!”

“Filiphu!” Futhi ngiyawabona lawomadoda amabili ebambana ngezandla, futhi exhawulana, futhi njengoba isiko elidala lalinjalo, begonana, futhi bebambambatha emhlane.

“O, Nathanayeli, sekube yisikhathi eside selokhu ngakubona.”

“Yebo, Nathanayeli, noma, Filiphu, angikaze ngikubone iminyaka ethile.”

“Mnumzane, ngiza ukuzokutshela izindaba ezedlula zonke owake wazizwa.”

“Bekuyoba yini, Filiphu na? Ubuso bakho bukhanyiswe yini kangaka na? Ngani, ubukeka njengomuntu ohlukile!” Noma yimuphi umuntu oke waba seBukhoneni bukaJesu Kristu, kuyakuguqula. “Ubukeka njengomuntu ohlukile.”

“O, ngifuna ukukutshela, kukhona okwenzekile.”

“Kuyini na? Ungabe usangigodlela izindaba, Filiphu. Ngingumuntu othanda ukuzwa izindaba ezinhle.”

Wathi, “Thina . . . Woza, ubone ukuthi Ubani esimfumene.”

“Ubani omfumene na?”

“UJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa.”

⁸¹ Manje, sengiyakubona ukubukeka kobuso bakhe, buveziwe, wayesethi, “Manje, umzuzu nje, Filiphu. Kungaba khona okuhle okuvela eNazaretha na?” Noma enye yalezozimishini ezincane, kumbe noma yini, niyazi. “Kungaba khona okuhle okuvela endaweni enjalo na?”

⁸² Futhi ngicabanga ukuthi uFiliphu umnika impendulo ezedlula zonke noma yimuphi umuntu abengamnika yona, wathi, “Woza ubone. Woza nje, uzibonele wena.” Futhi wayefisa ukuhamba, phezu kwesimemo somngane wakhe.

⁸³ Futhi uma uke waba sePalastine, buka ukuthi lokho kwakukude kangakanani ngasentabeni. Futhi akungabazeki ngenkathi uFiliphu ehamba, wathi, “Manje, ngizosho ukuthi

ngiboneni kwenziwa: USimoni uyenyuca, umdobi omdala laphaya eBetsayida, futhi ngenkathi Ekhuphuka, Waze wakhuluma naye, futhi wazi ukuthi wayengubani. Bekungeke kungimangaze kodwa ukuthi Uyazi ukuthi wena ungubani.”

“A, manje ng’yeke manje, Filiphu! Ngikholwa ukuthi mhlawumbe ilanga elishisayo lisanda kukuthola kahle kakhulu. Nhloboni yenkolozwe ongene kuyo, empeleni na? Kwenzekeni kuwe na?”

“Awu, woza nje.”

⁸⁴ Futhi lapho bezungeza intaba, ekugcineni bangena ekuboneni lapho uJesu wayenomugqa omncane womkhuleko, mhlampe, ekhulekela abagulayo. Futhi ngenkathi uFiliphu enyuca noNathanayeli, uJesu ephenduka futhi embuka, wabuka laphaya, futhi kwakukhona onke amaJuda, ibandla elikhulu loMthetho lalimi lapho, nje lonke limuncu kakhulu, noJesu wabuka emuva kuNathanayeli, wayesethi, “Bheka umIsrayeli, okungekho nkohliso kuye!”

⁸⁵ Manje, onke amadoda ayegqoka ngokufanayo, futhi ayeshiya izintshebe, nzingubo ezinde, kanjalonjalo, ngakho awusoze wazi noma ngabe yayikade ingumGriki, noma yayingaba yinoma yini enye, kodwa uJesu wathi, “Nanso indoda elungileyo eneqiniso.”

⁸⁶ Futhi kwacishe kwaliwisa phansi impela iJuda elincane, lase lithi, “Rabi,” kuchaza ukuthi *mfundisi*, Ungaze nini na?” Ngenye indlela, “Awukaze ungibone empilweni yaKho. Waze kanjani ukuthi ngangilungile futhi ngiqotho, futhi ngangingumntwana ka-Israyeli kakhulu na? Waze kanjani ukuthi ngisokiwe, nazo zonke lezizinto okudingekayo ukwenza umIsrayeli, abantu abehlukile nabayinqaba na? Ukwaze kanjani lokho na?”

⁸⁷ Lalelani amaZwi kaJesu, nakhu: Wathi, “Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona.” Ngani, amamayela angamashumi amathathu ukuzungeza intaba! “Ngakubona.”

⁸⁸ Yathini indoda na? Manje, yayimele isizwe samaJuda samakholwa, yathi, “Rabi, Wena uyiNdodana kaNkulunkulu; Wena uyiNkosi ka-Israyeli.”

NoJesu wathi, “Ngoba Ngikutshele lokho, uyaNgikholwa na? Uzobona okukhulu kunalokhu.”

⁸⁹ Manje, amaJuda ayemi eduze, ngokwesitatimende sikaLuka, futhi athi, hhayi ngokuzwakalayo, kodwa enhliziyweni yawo, “Lomuntu unguBelzabule,” ngenkathi bebone umsebenzi waKhe. Niyazi ukuthi uBelzabule uyini na? Ngudeveli, umbhuli, amandla amakhulu kadeveli. Athi, “Lomuntu unguBelzabule.”

⁹⁰ Wathini uJesu ngakho na? Wathi, “Uma nikhuluma izwi elimelene nalokho, elimelene neNdodana yomuntu, nizothethelelwa khona; kodwa lowo okhuluma izwi elimelene noMoya oNgcwele lapho Efika ukuzokwenza into efanayo,”

(Kamuvanyana nje kulesisifundo sizokuthola.) “nxa Efika ukuzokwenza into efanayo, izwi elilodwa elimelene naYe alisoze lathethelelwa kulelizwe, noma ezweni elizayo,” ngoba athi... abiza uMoya kaNkulunkulu ngomoya ongcilile. Akumangalisi sesilungele ukwahlulelwa.

⁹¹ Qaphelani, leloJuda lamuqonda kanjani Lowo ukuthi yiNdodana kaNkulunkulu na? Uma uJesu Azibonakalisa phambi kwesizwe samaJuda sabantu, futhi yileiyondlela Akwenza ngayo, ukuba Azibonakalise kumJuda ekuvalweni konyaka wabo, uma lowo bekunguJesu izolo kumJuda, nguJesu namhlanje kwabeZizwe.

⁹² Khumbulani, Akazange enze noma yini enjalo phambi koweZizwe, futhi Watshela abafundi baKhe, “Ningayi kwabeZizwe,” ngokuba banesikhathi sabo manje. Kodwa Usenguye, Uzofanele enze okufanayo.

⁹³ Manje, siyazi kunezinhlanga ezintathu zabantu, lowo ngabantu bakaHamu, uShemu, noJafete, okuphenduka kube yiJuda, oweZizwe nomSamariya.

⁹⁴ Manje, esahlukweni 4 sikaJohane oNgcwele, siMthola ehamba... Kuqala Wayesendleleni yaKhe ebheke ezansi eJeriko, futhi Wenyuka wazungeza komunye umuzi othiwa iSamariya. Wathuma abafundi baKhe, futhi nakho kuhlezi owesifazane ongumSamariya emthonjeni, noma, ngasemthonjeni, futhi ngenkathi uJesu ekhuphuka nabafundi bahamba, noma owesifazane wakhuphuka kamuva, njalo, uJesu wathi kuye, “Sifazane, Ngiphuzise.”

⁹⁵ Futhi uqala ukukhuluma naYe wayesethi, “Kunomthetho wokwehlukana lapha, thina maSamariya nani maJuda asina—sinanhlanganyelo omunye nomunye, asivumelani. Futhi kungani Ungicele ukuba ngikuphuzise Wena na?”

⁹⁶ Wathi, “Kodwa ukuba bewazi ukuthi Ubani obukhuluma kuye, ubuyocela kiMi amanzi, futhi beNgizokulethela aManzi o... ngikunike amanzi ungezi lapha ukuzowakha.” Nengxoxo yaqhubeka ngomthombo, ukuthi wawujule kangakanani, noJakobe uyise wawumba, kanjalonjalo. Wayenzani uJesu na? Exhumana nomoya wakhe. Kwase kuthi-ke ngenkathi Ethola ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, Wathi, “Sifazane, hamba ulande indoda yakho, uze lapha.”

Futhi wathi, “Anginandoda.”

Wathi, “Usho, kahle. Unamadoda amahlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho. Ngakho-ke ukhulume kahle.”

⁹⁷ Owesifazane wathini na? Manje, lona ngumSamariya. Ngokusondele, ningakugeji lokhu. Wathi, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Siyazi, thina maSamariya, siyazi lapho uMesiya efika, Uzositshela zonke izinto, Uzokwenza

lezizinto Ozenzayo.” Kodwa akaqondanga ukuthi WayenguBani. Wayazi ukuthi leso bekuyoba yisibonakaliso sikaMesiya.

Futhi Wathi, “NginguYe okhuluma kuwe.”

⁹⁸ Futhi wagijimela emzini, wayesethi, “Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile. Akuyena yini uMesiya Lona na?”

⁹⁹ Uma lowo bekunguJesu izolo, nguJesu namhlanje, onguyena izolo, namuhla.

¹⁰⁰ Manje, siyathola ngesinye isikhathi ukuthi Wayedabula esixukwini sabantu, nowesifazane omncane wathinta ingubo yaKhe. Ngokuba wathi phakathi kwakhe... Wakukholwa lokho. Wayethathwa nje, cishe njenganoma yimuphi umuntu ozama ukuphilela uNkulunkulu ngokufanele, omunye ongahlakahlile ekhanda. Futhi wathi, “Uma nje ngingathinta ingubo yaKhe, ngizosinda.” Futhi waMthinta.

UJesu wama, Wathi, “Ubani oNgithintile na?”

NoPetru waMkhuza, wathi, “Isixuku sonke siyaKuthinta, Nkosi.”

Futhi Wathi, “Kodwa Ngiyabona ukuthi Ngibe buthakathaka, amandla aphumile kiMi, amandla okuqina.”

¹⁰¹ Futhi Waqalaza waze Wathola owesifazane, futhi Wembula kuye wayesethi, “Ukukholwa kwakho kukusindisile.”

¹⁰² Lowo kwakunguJesu izolo, uma Enguye namhlanje, Uzokwenza okufanayo, Uzoziveza obala Yena uqobo ngokufanayo, Uzozibonakalisa Yena uqobo ngokufanayo, onguye izolo, namuhla, naphakade.

¹⁰³ Wena uthi, “Mfowethu Branham, ngabe lokho kungokomBhalo na?”

¹⁰⁴ Yebo, mnumzane. IBhayibheli lasho, iTestamente eLisha, amaHeberu, ukuthi manje UngumPristi oMkhulu, ehlezi ngakwesokunene sikaNkulunkulu, umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu, khona manje. Awu, indlela Enza ngayo ngenkathi Ethintwa ngaleyonkathi ubuthakathaka, Uzofanele enze ngokufanayo manje uma Efana. “Mnumzane, sifisa ukubona uJesu.”

¹⁰⁵ Usebenza ngamagatsha aKhe. Akunandaba ukuthi Usebenza kangakanani ngelilodwa, kodwa Usebenza ngawo onke amagatsha aKhe, Angeke nje asebenze ngegatsha elilodwa. Akunandaba ukuthi uNkulunkulu wayengenzani endaweni eyodwa, uma zingekho izethameli phandle lapho ukuba zikwemukele futhi zikukholwe, akusoze kwasebenza. UJesu wayengazi ngisho lutho ngalowo wesifazane, uNkulunkulu wayengaMkhombisanga umbono, nokho Wathi Akenzanga lutho uNkulunkulu waze waMkhombisa umbono. Niyakukholwa lokho na?

¹⁰⁶ Ake sithathe lokhu umzuzu futhi sithole. Ezinsukwini ezimbalwa kamuva Wadabula echibini laseBethesda, lapho izixuku ezinkulu zezinyonga, izishosha, izimpumputhe, abantu abashwabeneyo babelele khona. Mbhekisiseni, egcwele amandla, uNkulunkulu ekuYe, ehamba phakathi kwabantu, ezungeza edabula ezinyongeni, izishosha, izimpumputhe, nabashwabeneyo, Wehla ngezitebhisi wangena echibini, lapho abantu wayelapho elindele iNgelosi ukuba izamazamise amanzi.

¹⁰⁷ Kuyo yonke iminyaka, uNkulunkulu wayenabamele emhlabeni ngokuphulukiswa komzimba, iNgelosi. Abantu abaningi babecabanga ukuthi babewuhlanya, omunye wacabanga ukuthi nje kwaku... osomlando babecabanga ukuthi kwakungamanzi, umoya uzungeza futhi unyakazisa amanzi, kodwa iBhayibheli lathi kwakuyiNgelosi. Futhi babelindele ukungena emanzini, ukuhlola ukukholwa kwabo, besalindile lapho, nakhu kufika uJesu ehamba edabula lapho, ezungeza izinyonga, izimpumputhe, izishosha, abashwabeneyo, futhi ufika kumuntu owayelele ohlakeni lombhede.

¹⁰⁸ Bangaki owaziyo ukuthi yini uhlaka na? Futhi ngakhuliswa kolulodwa. Yindwangu yokumboza umbhede endadlana echitshiyelwe ngezindwangu ezechukene ibekwe phansi emnyango, uhlaka lombhede.

¹⁰⁹ Futhi lapho Ebona lendoda, Wayazi ukuthi yayikade ikulesisimo iminyaka engamashumi amathathu-nesishiyagalombili, yayingesiso isishosha, unyonga, impumputhe, yayinobuthakathaka, mhlawumbe iTB, mhlawumbe inkathazo yendlala yesinye, nokho, yayibophekile, kwakungeke kuyibulale, yayikade inakho iminyaka engamashumi amathathu-nesishiyagalombili. Futhi Mbhekisiseni edlula kubo bonke lababantu, futhi eya kulena futhi eyiphulukisa.

¹¹⁰ Indoda yayithwele umbhede wayo ngeSabatha, yabuzwa. UJohane oNgcwele 5 manje, namanje kuJohane oNgcwele, isahluko 5, ivesi 19, uma nifuna ukukumaka, 5:19. UJesu wabuzwa, futhi lalelani ukuthi Wathini, “Ngqiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, neNdodana iyakwenza kanjalo.” Ngamany’amazwi, “Angenzi lutho aze uBaba aNgibonise kuqala ukuthi ngenzeni.”

¹¹¹ Niyabo, kwakuyibo bonke labo... Akukho-nyama engaba nodumo eBukhoneni bukaNkulunkulu, uNkulunkulu wayekuKristu. Futhi uma uKristu ekuwe, khona-ke ukukholwa kwakho kunjengokukholwa okwakukuKristu, nikholwa nguBaba, ngokuba ningamadodana namadodakazi kaNkulunkulu ngokwenziwa umntwana ngoJesu Kristu. Kwabase-Efesu, isahluko 1, cishe ivesi le 5, “Bamiselwa

ngaphambili ukuba babe ngabantwana bakaNkulunkulu ngoKristu.”

¹¹² Manje qaphelani, lowo kwakunguJesu izolo, ukuthi Wazibonakalisa kanjani Yena uqobo. Manje, ngizovala lapha kuze kube kusasa. Bukani, Wazazisa kanjani Yena uqobo kumaJuda na? Ngokutshela uFiliphu, noma, uNathanayeli, lapho wayekhona ngaphambi kokuba uFiliphu amthole, ngaphansi kwesihlahla ekhuleka, kumbe noma yini ayeyenza. Futhi yena, uFiliphu, wayemyalile, akungabazeki, ukuthi uJesu wayengakwenza lokho. Niyakholwa ukuthi Usengakwenza lokho na?

¹¹³ Kwase kuthi-ke ngenkathi Ezazisa Yena uqobo kumaSamariya, kwakungendlela efanayo, ekhuluma nowesifazane waze Wathola inkathazo yakhe, futhi wamtshela ukuthi yayiyini inkathazo yakhe. Futhi wakuveza lokho, ku... wayazi ukuthi uMesiya wayezokwenza lokho.

¹¹⁴ Futhi niqaphelile na? Ngenkathi uJesu engena emzini, Wayengenayo inkonzo yokuphulukisa emzini. Ngani na? Wayazi ukuthi kuyobakhona enye indoda eyehlayo, idikoni elincane, emva nje kwePhentekoste. Futhi wayenakho, uFiliphu, wayenemvuselelo yangempela ezansi lapho. Niyakukhumbula lokho na? Ephulukisa abagulayo, futhi ekhipha amademoni, ngoba babekade beneZwi likaNkulunkulu lishunyayelwa kubo.

¹¹⁵ Manje, uKristu unguye izolo, namuhla, naphakade, ngakho-ke uma Ezozibonakalisa Yena uqobo ngendlela efanayo... Manje, uma Enza lokho ukuba azibonakalise Yena uqobo kumJuda, nakumSamariya, futhi wakwenqabela ukuba kwenziwe phambi koweZizwe, ngokuba uPawulu waphendukela kwabeZizwe eminyakeni kamuva, khona-ke ngifuna ukunibuzisa okuthize, ekuvalweni kwesimiselo sesikhathi sabeZizwe, uKristu ubophezelekile, uma Esenguye, ukuZibonakalisa ngokufanayo phambi koweZizwe, njengoba Enza phambi kweJuda, ukuba Azazise ukuthi Usaphila. UyiNkosi uJesu efanayo ephilayo kulobubusuku phakathi kwethu, enza izibonakaliso, nezimanga, nezimangaliso.

¹¹⁶ Sinesithombe saKhe lapha ephepheni, abaningi benu basibonile. Kungahle... Asinaso isikhathi sokunitshela ngaso. Leso akusiso isithombe sami, ngingumfowenu. Kodwa kubuziwe: “Bekuyini lokho na?” Kimi, kwakunguNkulunkulu ofanayo owahola abantwana bakwa-Israyeli ngeNsika yoMlilo. Sonke siyazi ukuthi lelo kwakuyiZwi-mcabango, lelo, iNgelosi yesivumelwano, okwakunguKristu, owahola abantwana bakwa-Israyeli. UKristu wakumemezela ukuthi kunjalo, Wathi Wayengu NGINGUYE owayesihlahleni esivuthayo, futhi WayeyiDwala elalisehlane.

¹¹⁷ LeyoNsika yoMlilo yenziwa inyama yakha phakathi kwethu. Futhi ngenkathi Elapha, Wathi, “Ngivela kuNkulunkulu, futhi

Ngibuyela kuNkulunkulu.” Futhi emva kokufa kwaKhe, ukumbelwa, nokuvuka, ngenkathi Ebonakala kuPawulu esendleleni ebheke eDamaseku, Yena, futhi iZwi-mcabango elifanayo eNsikeni yoMlilo, Ezibonakalisa. Futhi khumbulani, uPawulu wathi, “NguBani, Nkosi na?”

¹¹⁸ UkuKhanya kwakukhanya kakhulu ngangokuthi Kwavala amehlo kaPawulu, nokho labo ababemi eduze abakwazanga ukuKubona. Kwakuyiqiniso kulabo uNkulunkulu ayezoKwembula kubo, kodwa abanye ababemi eduze babengazi lutho ngaKho. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

¹¹⁹ Futhi Wathi, “NginguJesu.” Ngabe iBhayibheli liyakusho lokho na? “NginguJesu: Futhi kul’khuni kuwe ukukhahlela ameva.”

¹²⁰ Wangena njengeNsika yoMlilo futhi wakhulula uPetru esithandweni somlilo.

¹²¹ Ngizwe izinto eziningi ngeziNgelosi. Sifundile ngoJoseph Smith, sonke siyakwazi lokho. Kodwa iNgelosi yeqiniso kaNkulunkulu izofakaza ngeZwi likaNkulunkulu, futhi ayisoze yasuka eZwini.

¹²² ETestamenteni eLidala, uma umprofethi eprofethile noma umphuphi exoxe iphupho, babenendlela yokuthola ukuthi lokho kwakuyiqiniso noma qha ngenkathi kufika isambulo sokomoya. Bamngenisa ethempelini, ne-Urimi neThumimi, okwakuyisivikelo sesifuba sika-Aroni, sasinamatshe ayishumi nambili abantwana bakwa-Israyeli, ngenkathi beqala ukuprofetha, noma basho iphupho labo, futhi uma lezozinKanyiso zihlangene ndawonye, futhi zenza okungaphezu kwemvelo (uNkulunkulu njalo uphendula ngokungaphezu kwemvelo.), futhi Wazibonakalisa Yena uqobo ngalezozinKanyiso, ukuthi kwakungaphezu kwemvelo, uma i-Urimi neThumimi iphendulile, noma yimuphi umfundi weBhayibheli uyazi ukuthi bakwemukela, ukuthi kwakungokukaNkulunkulu. Futhi uma kungazibonakalisanga ekuKhanyeni, khona-ke kwakungesikho okukaNkulunkulu.

¹²³ Manje ngenkathi ubupristi buka-Aroni buvalwa, i-Urimi neThumimi yahamba nakho, *leyo* Urimi neThumimi, kodwa uNkulunkulu unenye i-Urimi neThumimi, *leyo* yiZwi laKhe. Futhi lapho umprofethi eprofetha, noma umshumayeli eshumayela, noma umvangeli eshumayela, noma iphupho lishiwo, noma ngabe kuyini, uma kungahambisani neZwi, kuyiphutha. *Lena* yi-Urimi neThumimi kaNkulunkulu.

¹²⁴ Futhi uma leyoNgelosi ezimemezele yona uqobo, futhi ifakazisile, uma ingakwenzi, enyameni yomuntu, izimemezele yona uqobo ukuthi iyimvelo efanayo, ngoMoya ofanayo, isebenza izibonakaliso ezifanayo Azenza ngenkathi Elapha emhlabeni, khona-ke yingelosi okungesiyo. Kodwa uma izimemezela yona uqobo ukuthi iseyiyo, nguKristu eBandleni ezibonakalisa Yena

uqobo ngalezizinsuku zokugcina. Lokho kucace njengoba ngilazi iZwi. Ufanele wazi ukuthi KwakunguMoya, inyama ingenzeze lezozinto.

¹²⁵ Kuyini na? UMvini, amagatsha, ukuphila okufanayo okwakuseMvinini kufika ngamagatsha aKhe, Wondla igatsha ngoMvini waKhe. Uzimemezela kanjalo-ke Yena uqobo ukuthi unguye izolo, namuhla, naphakade, ngokuba Wathi, “NgingumVini.” UMoya oNgcwele manje, uKristu esimweni sikaMoya kuwe, eninika amandla ngoMoya waKhe ukuba nikholwe uNkulunkulu.

¹²⁶ Futhi kukho konke Akwenzayo, Uzibonakalisa Yena uqobo njengoba nje Enza ngesikhathi seBhayibheli, “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza. Kuseyisikhashana, nezwe lingabe lisaNgibona,” (Bangaki owaziyo ukuthi Wakusho lokho na? Lowo ngongakholwayo.) “nokho niyakuNgibona,” ikholwa, “ngokuba Ngi,” u *Ngi*, isabizwana somuntu, “Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe.” UJesu Kristu, onguye izolo, namuhla, naphakade.

¹²⁷ “Imisebenzi engiyenzayo Mina nani niyakuyenza.” Manje, igama lapho kwiKing James lithi, “Imisebenzi emikhulu kunalo niyakuyenza.” Kodwa uma uzobuyisela lokho kwiLexicon yesiGriki, uzothola ukuthi akusho *okukhulu*, kusho *okuningi*. Ubungeke wenze okukhulu, Wamisa imvelo, Wa—Waphulukisa abagulayo, Wavusa abafileyo, We—Wenze izinto...Awu, kwakungeke kube nokungaphezulu okwenziwayo, kodwa ubungenza okuningi kwakho, ngoba Ubeyoba seBandleni laKhe njengo—njengoMvini emagatsheni aKhe, umhlaba wonke jikelele, kodwa into efanayo.

¹²⁸ O, he, lapho ngicabanga ngakho nokuthi Wethembisa kanjani ukukwenza! Ngitsheleni ukuthi wayekuphi umJuda emuva lapho ngenkathi kubonakaliswa phambi kwakhe ukuthi wakutholaphi lokho, azi ukuthi leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya. Wakwazi kanjani owesifazane waseSamariya na? Indlela efanayo ikholwa elikwazi ngayo namhlanje, yisithembiso sikaNkulunkulu, futhi siyasibheka. Futhi sisesikhathini sokuphela, nommbila usubuyele ohlamvini futhi, neBandla Lizilungiselela ukuma ngezinyawo zalo ukuba lithwalwe lingene eNkazimulweni lapho uJesu efika. SiyaMkholwa ukuthi ulapha. Angisho ukuthi Uzokwenza, angazi ukuthi Uzokwenza...

¹²⁹ Ngime phambi kwamashumi ezinkulungwane, yebo, ingxenye yesigidi ngesikhathi esisodwa, ngase ngithatha iBhayibheli ngesandla esisodwa, neKoran kwesinye, ngase ngithi, “Enye yazo iqinisile, nenye inephutha.” Ngathi, “Nisanda kusho nje ukuthi nilindele omunye umuntu, ngenkathi ngehlela eNdiya.” Yilapho okwenzeka khona.

¹³⁰ Wonke umbhishobhi webandla leMethodisti, nabaningi babo bahlangana nami phandle lapho, abazalwane bePentecostal,

amaningi amabandla amakhulu, athi, “Mnu. Branham, asifuni uze lapha njengesithunywa senkolo. SasineBhayibheli iminyaka eyizinkulungwane ezimbili ngaphambi kokuba nibe yisizwe, leyo yiNcwadi yasempumalanga, nina bantu basentshonalanga aninakho ukuchema naYo.”

¹³¹ Kungesikho ukungayinaki imfundo yethu kuLo, kodwa lokho yinqwaba yeqiniso, ngokuba LiyiNcwadi yaseMpumalanga, ebhalwe ngamasiko aseMpumalanga. Kunjalo. Bathi, “Siyalazi iZwi, kodwa siyaqonda ukuthi uNkulunkulu unike nina maYankee uMoya waKhe ukwenza leliBhayibheli liphile futhi.” Bathi, “Yilokho esifuna ukukwazi.”

¹³² Ngalobobusuku, emva kokubungazwa ngalolosuku yizinkolo eziyishumi nesikhombisa ezehlukene zaseNdiya, futhi zonke zimelene noKristu, ngalobobusuku phambi kwabakaMohamede, phambi kwabo bonke, wonke umlomo wavalwa, noNkulunkulu emseni waKhe omkhulu unikeza ukubona indoda eyayikade iyimpumputhe iminyaka engamashumi amabili. Imi lapho, ayitshela ngisho nokuthi yayingubani, nokuthi ivelaphi, ngangifanele ngipele igama layo, angikwazanga ngisho nokulibiza, kanjalonjalo. Khonake engangingakubona kwakungamashumi ezinkulungwane, okwakubukeka kanjalo, ezandla ezimnyama ziphakama ukuba zemukele uKristu njengoMsindisi oqondene nabo. Niyabo?

¹³³ Lapho eThekwini, eNingizimu Afrika, umhlango wami wokugcina lapho, kodwa kukhona okwenzekile emsamo. Simi njengabantu abamhlophe, sasigcwele izinkolelo-ze, “UDokotela uS**'bani-bani** wathi kwakungukufunda ingqondo,” omunye umuntu wathi kwakungenye into, enye into, enye into, abantu abampofu baze bangabe besazi ukuthi bakholwe ini. Kodwa bangabahedeni, futhi ngenkathi sima lapho. . .

¹³⁴ Bangaki kini bantu abamkhumbulayo uDkt. F. F. Bosworth na? Impela niyamkhumbula. UMfowethu Bosworth usanda kuya eKhaya emavikini ambalwa edlule. Ngenkathi indoda esikhulile ima lapho, futhi babone into ethize yenzeka emsamo, futhi baqala ukunyakaza, anginaso isikhathi sokunitshela ngakho, kodwa ngibone abahedeni abaluhlaza cwe abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu bephula izithixo zabo emhlabathini futhi beza kuJesu Kristu ngokubizela e-altare okukodwa. O, ngikuthanda kanjani uku. . . Ngahlala esikhathini esingese esedlule e—eqenjini elincane lapho. . .

¹³⁵ UDkt. Davis wangicoba ebandleni lamaBaptisti, wangitshela ukuthi ngangilahlekelwe yingqondo yami, ngangiphuma nesigejane sabagingqiki abangcwele. Ngingathanda kanjani ukuma lapho bese ngithi, “Dkt. Davis, enikubiza ngobuhlanya, ibandla lethu leBaptisti lichithe izigidi zamadola ezithunyweni zenkolo laphaya, futhi satholani na? Nesigqebhezana entanyeni yabo, bephethe isithixo.

¹³⁶ O, bangamaKristu, ya, kodwa “Uma Amoya uNkulunkulu ongabonwayo ehluleka, *lona* angeke.” Lobo ngubuthakathaka bebandla lamaKristu. Kodwa ngenkathi izimbewu zamandla kaKristu ovukileyo zibonakaliswa, kwaxazulula umbuzo, nezithombe zephulwa, abahedeni abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu, ngaphezu kokuba iBaptisti izuzile eminyakeni eyikhulu namashumi amahlanu obuthunywa benkolo, ngesikhathi esisodwa, ngoba kuyilokho uKristu athi kuyokwenzeka, futhi siphila kulelohora nakulolosuku. Futhi lolu wusuku lwethu lokuhanjelwa, bangane, kuleyithi kunoma nicabanga.

Asikhuleke.

¹³⁷ Nkosi Nkulunkulu, ngibonga kakhulu nje ukuba nethuba lokusho emakhulwini amakholwa lapha kulobubusuku ukuthi uBukhona baKho obukhulu abukaze busishiye. UsenguMoya ohamba emizimbeni yethu futhi wenze imisebenzi yaKho, neBandla liyaqhubeka. Ngiyakhuleka, Nkulunkulu, kulobubusuku, ukuthi Uzofaka amandla wonke umuntu lapha ngoBukhona baKho, ukuthi Uzongena phakathi kwethu Nkosi Jesu, futhi wenze lokho nje lokho Owakwenza ngaphambi kokufa kwaKho, ukumbelwa, nokuvuka.

¹³⁸ Wazi kanjalo-ke uKleyophase nomngane wakhe ukuthi Wawuvukile kwabafileyo. Babekhulume naWe usuku lonke, kepha nokho babengaKwazi, kodwa ngenkathi Wenza into ethize njengoba nje Wayenza ngaphambi kokubethelwa kwaKho, bazi ukuthi WawunguWe kuphela owakwenza ngaleyondlela, futhi Kwakufanele kube nguWe, futhi baKuqonda.

¹³⁹ Futhi kungahle kube nomphefumulo omningi ohlezi lapha, kulobubusuku, oKukhonze iminyaka kwelinye ibandla, O Nkosi, Ukhulume nabo, futhi Ubasizile, manje Zenze ube ngowangempela kulobubusuku, futhi ubonakalise uBukhona baKho, njengoba nje Wenza ngaphambi kokubethelwa kwaKho, ukuze babuyele ebandleni labo nobufakazi obuqinile, bese bexhawula umelusi, bese bethi, “Melusi, ngizimisele kakhulu ukusebenzela iNkosi yethu. Nginike okuthize engizokwenza.”

¹⁴⁰ Siphe khona, Nkosi, futhi ekwenzeni lokhu, Wena uyazazi izimpokophelo zethu nezinjongo zethu, noma ngabe zilungile noma qha. Kwangathi kungafika imvuselelo eyifeshini endala edolobheni, ezoshanela izinkulungwane zemiphefumulo emadolweni azo. Siphe khona, Baba, ngaphambi kokuba wonke lomhlaba ube yimpuqumpuqu ezandleni zabantu ababi, kodwa begcotshwe nguNkulunkulu ukuba bakwenze, ngoba izwe elingakholwa selifike ekupheleni kwalo.

¹⁴¹ Futhi siyakhuleka manje, Baba, ukuthi UzoZibonakalisa, ngokweZwi laKho. Ngokuba siyakucela, eGameni likaJesu. Amen. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

Manje asikhuleke umzuzwana nje.

¹⁴² Manje, Nkosi Nkulunkulu, lokhu kukude lapho noma yisiphi isidalwa esingumuntu singaya khona, okulandelayo kufanele kube nguWe, O Nkulunkulu oPhakade. Amakhulu ezandla ziphakamile esikhashaneni esedlule, okokuqala emhlanganweni. Kuqala, sibeka iZwi, ukubabonisa ukuthi kwakuyiZwi nesithembiso sikaNkulunkulu. Manje, Baba, kwangathi Ungazibonakalisa Wena uqobo, kulobubusuku, njengoba Wenza ezinsukwini ezedlulayo, ukuze abantu bangabi nazaba ngalolosuku olukhulu. Siza Wena, mina, O Nkosi. Futhi njengoba sizinikela kuMoya oNgcwele, sizoholwa nguMoya oNgcwele. Sikhulekela ukuthi Uzosinika lokhu kunqoba. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

¹⁴³ Manje, noma ngabe ubani ongunjiniyela kulokhu... Lapho kufika imibono, usesimweni sokuzwa kancane. Bangaki okwaziyo lokho na? Impela niyakwazi. Bangaki owaziyo ukuthi umbono owodwa wenza iNdodana kaNkulunkulu yaba buthakathaka na? Umbono owodwa wabangela uDaniyeli ukuba akhathazeke ekhanda lakhe izinsuku eziningi; omunye wabangela u-Eliya ukuba azulazule izinsuku ezingamashumi amane ehlane. He, isikhathi esinje pho! Umusa kaNkulunkulu kuphela okuvumelayo.

¹⁴⁴ Manje, ungasukuma, mnumzane na? (Ngabe lena yi...?)

¹⁴⁵ Mfowethu Vayle, uma nonke, abanye benu bezokwehla phakathi lapho emgqeni, ukuze si... .

¹⁴⁶ Manje hloniphani ngokuzithoba ngempela, ninganyakazi, hlalani nithule, nikhuleke.

¹⁴⁷ Manje...Ini? Yebo. Ngiyabonga. Uthe akakwazi ukuzwa kahle kakhulu. Ngabe lokho kungcono na? Uyangizwa na?

¹⁴⁸ Manje, isizathu emsamo yiqembu nje elinami lapha, niyabo, ngiyazi ukuthi yini indaba ngabanye balabobantu. Niyabo? O, ubungabeka abantu bangizungeze, babe kahle, kodwa bekungeke kube njalo...kuba nzima. Niyabo? Ngokuba kuthi nje lapho kufika ugcobo lukaMoya oNgcwele, lokho kwenza onke amademoni ukuba adazuluke. Niyabo? Asikho isidingo sokuzama ukukuchaza.

¹⁴⁹ Bangaki osibonile isithombe saKho, kulobubusuku na? Nikwazile ukusibona na? Phakamisa isandla sakho. Banaso lapha. EWashington, DC, ngoGeorge J. Lacy, inhloko yeFBI yeminwe nemibhalo... .

¹⁵⁰ Ngicabanga ukuthi siyizihambi komunye nomunye, mnumzane. Uma lokho kunjalo, ubungasiphakamisa nje isandla sakho, ukuze abantu bezokwazi na? Angiyazi indoda, angikaze ngiyibone empilweni yami. Futhi nasi isibonelo esiphelele salokho engisanda kukufunda nje kulobubusuku, uFiliphu

noNathanayeli, amadoda amabili, uNathanayeli emi phambi kweNkosi yethu. Lokhu ngukuhlangana kwethu kokuqala.

¹⁵¹ Manje, uma lendoda igula, asithi inomdlavuzo, ineTB, noma esinye isifo, uma bengiyokwenyuka bese ngithi, “Mfowethu,” bese ngithi, “ISHO KANJE INKOSI, mfowethu: Haleluya! Uphulukisiwe. Qhubeka, kholwa iNkosi.” Ingahle ukuba ayimile ngisho lapha... Ingahle ibe ngumgxeki. Niyabo? Ingahle ibe njalo. Uma injalo, bhekisisani ukuthi kwenzekani.

¹⁵² Kodwa uma uMoya oNgeweze uzofika futhi uyitshela into ethize njengoba Enza ku... watshela uNathanayeli, khona-ke izokwazi ukuthi lokho kuyiqiniso noma qha, into efihliwe ndawondawo emuva empilweni yayo, izokwazi ukuthi lokho kuyiqiniso yini. Ibingangingabaza kokunye, angeke ikungabaze lokho, ngoba iyazi. Mayibe ngumahluleli. Lokho bekuyoba kahle, mnumzane na? Ukuhlangana kwethu kokuqala na? Mhlawumbe sizalwe sahlukana ngamamayela, mhlawumbe ukwehlukana ngeminyaka, kodwa silapha okokuqala.

¹⁵³ Manje ngifuna ukunibuza, uma iNkosi uJesu, sobabili njengamadoda sithi asikaze sibonane ngaphambilini, uma uKristu ezofika futhi enze into efanayo Ayenza, njengoba Ahlangana noNathanayeli noFiliphu, njengoba Enza eBhayibhelini, bangaki lapha abazothi, “NgizoMthanda, futhi ngiMkholve ngayo yonke inhliziyi yami?” Ungasiphakamisa isandla sakho kuYe na? Uthi, “NgizoMthanda futhi ngiMkholve.” Manje yiba semkhulekweni.

¹⁵⁴ Ngizokhuluma nani umzuzwana nje, njengoba iNkosi yethu yenza emthonjeni, ngoba emva kokushumayela... Lena emincane, imihlangano emifishane inzima. Niyabo? Emva kobusuku obumbalwa bokubeka iVangeli phansi lapho obona khona abantu ebona ukuthi yiVangeli, khona-ke—khona-ke akulukhuni ngaleyonkathi. Niyabo, ngingangena nje ngqo ngaleyonkathi, uDkt. Vaile angashumayela, futhi ngingena ngqo emva kwakhe, futhi ngiqale ukukhulekela abagulayo. Kodwa ngalandlela, lapho kokubili ukushumayela nokuzama... Lokhu okubili okwehlukene... NguMoya ofanayo kodwa iziphiwo ezimbili ezechukene, ukubonakaliswa okubili okwehlukene kukaMoya ofanayo.

¹⁵⁵ Manje, uma iNkosi uJesu izongembulela ukuthi yini oyizele lapha, uzokholwa na? Ya. Uma ugula, bengi—ngingekwazi ukukuphulukisa. Futhi uma u—uma udinga imali, ngingahle ngikwenze ube namadola amahlanu, kodwa ngi—ngiyakwenza... Uma kuyinkathazo yasekhaya, angazi, uyazi angazi, kunjalo, angazi, kodwa uNkulunkulu uyazi. Futhi uma Ezosipha khona, khona-ke uzokwemukela. Nezethameli zithi beziyokwemukela.

¹⁵⁶ Ngifuna nje ukubuza izethameli enye into ethize: Bangaki abazozikholelwa uma Ezokwembula khona lapha na?

Uzokwembula... Uzokukholwa ngesingawe. UMoya oNgcwele uyakwemukela.

157 Wena uthi, “Ubambezela ini, Mfowethu Branham na?”

Ngalologcobo, lokho kuKhanya. Kunjalo impela.

158 Angiyazi lendoda, angazi namunye wenu. Manje, nina eniphandle lapho, qhubekani nje nikhulwa, nikhuleka, nithi, “Nkosi khuluma ngaye kimi.” Ngilindele Yena. Uma Engezi, into kuphela engingayenza ukubeka izandla phezu kwenu bantu abagulayo, yilokho kuphela.

159 Manje, uma izethameli zisengalizwa iphimbo lami, ngibona indoda ihlushwa yisimo sokwethuka ngokwedlulele, inokwethuka ngokwedlulele. Leyo ngenye yezinto efuna ikhulekelwe, kodwa kukhona okunye futhi, futhi lokho ngukusetshenziswa kwesandla sayo, isandla sayo sokunxele, silimele, futhi lokho kwabangelwa isaha lomshini, ukuthi lahuhuluza isandla sayo, futhi lasika esayo... imithambo iyaxega esandleni sayo. Lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Hamba futhi ukholwe manje, konke kuzophela kuwe. UNkulunkulu akubusise.

Manje yiba nokukholwa, kholwa nje.

160 Nenekazi eliselincane, ngicabanga ukuthi lokhu ngukuhlangana kwethu kokuqala. Ebengishumayela ngakho nje esikhashaneni esedlule, uyakukholwa lokho ukuthi kuyiqiniso na? Uyakukholwa. Ngiyisihambi ngokuphelele kuwe, kodwa uma uJesu Kristu ezokwembula njengoba nje... Lolu udaba futhi, owesilisa nowesifazane, njengoJesu kuJohane oNgcwele—uJohane oNgcwele isahluko 4, owesifazane emthonjeni, iNdoda nowesifazane.

161 Nakhu lapho esikhona, okokuqala ukuba size sihlalane; lokho kwakungokokuqala ukuthi Yena nowesifazane bake bahlalane, kodwa Wayazi ukuthi inkathazo yakhe yayikuphi. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi lapho inkathazo yakho ikhona, noma ini, into ethize ngawe owaziyo ukuthi angiyazi, uzokholwa na?

162 Nawe futhi unokwethuka kabi, futhi unezinhlungu konke emzimbeni wakho. Futhi lobo buhlungu babangelwa phansi ezindlaleni zibesifazane, ngoba ube nokuhlinzwa lapha esikhathini esithile esedlule, futhi akukaze kwenziwe kahle kusukela lapho, unezinhlungu ezansi kuleyongxenye yomzimba wakho. Awuveli neze kulelidolobha, uvela kwelinye idolobha, kubukeka sengathi lelodolobha beliyoba njengeScotland, e-Indiana. Kunjalo. Uyakholwa manje na? Khona-ke ungaya ekhaya futhi uphile, uJesu Kristu...?... UNkulunkulu akubusise.

163 Sawubona?

¹⁶⁴ Ucabangani uhlezi lapho, nenekazi, ekupheleni kwesihlalo na? Uyakholwa ukuthi lokhu kungokukaNkulunkulu na? Ubuzama kanzima ukucindezela ungene, ubukhulekela mina ukuba ngikubize. Futhi akusikho okwakho, kungokwalowomntwana lapho. Kunjalo. Uma uNkulunkulu ezokwembula kimi ukuthi iyini inkathazo, uzokwemukela njengokuvela kuNkulunkulu na? Uzokwenza na? Uma uzokwenza, phakamisa isandla sakho. Ukudlikiza. Uyakholwa na? Kunjalo. Phakamisa isandla sakho uma lokho kuyiqiniso. Beka isandla sakho phezu kwakhe.

¹⁶⁵ O Nkosi Nkulunkulu, Mdali wamaZulu nomhlaba, uthinte ingubo yaKho, ngokufanayo ubeke isandla sakhe phezu kwengane. EGameni likaJesu Kristu, ngiyamlahla udeveli obangela lokhu kulimala enganeni. EGameni likaJesu, kuyasuka! Amen.

¹⁶⁶ Ungangabazi. Uthinteni na? Awukaze ungithinte, ungithintile na? Uthinte uMuntu othize Okwaziyo, umPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bakho.

Yiba nokukholwa kuNkulunkulu.

¹⁶⁷ Sawubona, nenekazi? Uma iNkosi uNkulunkulu izongembulela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzongikholwa ukuthi ngiyinceku yaYo na? Udabukile kakhulu ngento ethize, ngiyakubona uhamba, ubambe izandla zakho *kanje*. Udabula ekamelweni, lapho amakhethini athize ashwibeke khona, ubukhuleka ngaphambi kokuba ufike ukuthi uzongena kulomugqa womkhuleko kulobubusuku ngoba uhlushwa kakhulu kakhulu. Unamathumba, amathumba agcwele umzimba wakho, asemaphashini akho, ezinsweni zakho—zakho, futhi kucindezela ngendlela yokuthi kuze kucindezele uketshezi enhliziyweni yakho, kukubangela ukuba ube nenkathazo yenhliziyiyo, lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Uyakholwa ukuthi Izokusindisa na? Khona-ke hamba, futhi njengoba ukholiwe, kwangathi uNkulunkulu angakupha khona. Ngiyabonga.

¹⁶⁸ Uyakholwa na? Wena laphaya ezethamelini, manje, yiba nokukholwa, ungangabazi.

¹⁶⁹ Sawubona, mnumzane? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu une...? Uma iNkosi uNkulunkulu izokwembula kuwe, mnumzane, ukuthi uzele ini lapha, uzokholwa ngayo yonke inhliziyiyo yakho na? Anginandlela yo—yokukwazi, noma ukwazi noma yini ngawe, kodwa uNkulunkulu uSomandla unayo. Uyakholwa ukuthi ungadla ukudla kwakho kwakusihlwa emva kwalokhu na? Unenkathazo yesisu. Uyakholwa ukuthi isibhono kulowomfana sizophulukiswa na?

¹⁷⁰ Awusuye owakulelidolobha, nokho, uvela kwenye indawo. Kuse-Indiana, kubizwa ngeLewisville, e-Indiana. Ungumfundisi weVangeli. Mfundisi ohloniphekile Mnu. Hubbard, lelo yigama lakho. Angikaze ngikubone empilweni yami, lesi yisikhathi

sokuqala. Hamba uye ekhaya udle ukudla kwakho kwakusihlwa manje. UNkulunkulu akubusise.

¹⁷¹ Yiba nokukholwa kuNkulunkulu. Ungangabazi. “Uma ukholwa, konke kuyenzeka.” Uyakukholwa, yonke inhliziyi yakho na?

¹⁷² Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphulukisa na? UJesu wathi, “Uma ukholwa.”

¹⁷³ Ngithe nje ukuphazamiseka kancanyana. Umzuzwana nje. Indoda inokuxhumana okuthile egumbini lapha. Ngowesifazane lapho, lowo nguwe okhulekayo, ngumyeni wakho. Kunjalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyasiphulukisa lesosifo sikashukela, akusindise na? Uyakholwa ukuthi UnguNkulunkulu ofanayo owayemazi uPetru na? Awu, Mnu. noNkk. Courtney, ungaya ekhaya manje futhi uphile. Nobabili phumani emqeni, mnumzane.

¹⁷⁴ Uyayikholwa iNkosi na? Lalelani, bangane...?..lowo nguYe...?..Vula inhliziyi yakho manje, vele udedele inhliziyi yakho ihambe. YiZwi. Kwenzekeni na? Ethintwa umuzwa wobuthakathaka bethu.

¹⁷⁵ Ukuba-ke ngikutshale ukuthi inkathazo yakho yeqolo ikushiyile, uhlezi lapho, ubuyokukholwa na? Awu khona-ke, hamba ngendlela yakho futhi uthokoze futhi uphile.

¹⁷⁶ Kuthi ukufana nenkathazo yenhliziyi, ngukuba nokwethuka. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ukuphulukisile na? Hamba ngendlela yakho, futhi uthokoze, futhi uthi, “Mayibongwe iNkosi,” ngayo yonke inhliziyi yakho.

¹⁷⁷ Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uphulukise inkathazo yesisu, futhi uyakusindisa na? Hamba udle ukudla kwakho kwakusihlwa, uphiliswe, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

¹⁷⁸ Qhabo, angifundi yona imiqondo. Manje, khumbulani, imicabango yenu—yenu uyaziwa.

¹⁷⁹ Mnumzane, ohlezi khona lapha engibuka, khona lapho eceleni kwalowo wesifazane onekhanda elimnyama, unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokusindisa, uma ngikutshela ukuthi iyini inkathazo yakho na? Ukukholwa ngempela, awukukholwa na? Kunjalo. Lokho kwenzeka kube ngumkakho ohlezi eduze kwakho. Yebo. Unenkathazo ngomphimbo wakhe, wena unesibhono. Uma lokho kunjalo, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Khona-ke hamba futhi wemukele ukuphulukiswa kwakho, kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho.

¹⁸⁰ Ngiphosela inselelo ukukholwa kwakho ukuba ukholwe!

¹⁸¹ Lapha, lapha, lethu lomuntu lapha. Beka isandla sakho kwesami, dadewethu. Angikaze ngikubone empilweni yami. Uma uNkulunkulu ezongitshela, ngibuka *ngapha*, ukuze lokho kufunda ingqondo emqondweni wakho, uma uNkulunkulu

ezongitshela ukuthi iyini inkathazo yakho, uzoMkholwa na? Uzokholwa. Unenkathazo yamanenekazi, inkathazo yabesifazane. Kunjalo. Phakamisa isandla sakho uma lokho kuyiqiniso. Ubunakho, awusenakho manje. Hamba ngendlela yakho uthokoza.

¹⁸² Uyakholwa ukuthi inkathazo yenhliziyi isikushiye na? Khona-ke hamba ngendlela yakho futhi uthokoze.

¹⁸³ Buka, dadewethu, wena ohlezi lapho uzama ukumtshela ukuba akholwe ngenhliziyo yakhe yonke, uhlezi lapho ukhala, ukhuleka, uzama ukucindezela ungene, uthinte Yena. Kulungile. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe, uzokwenza lokho na? Kulungile. Inkathazo yakho yezibilini iyakushiya khona-ke, ungaya ekhaya, uphile. Leyo bekuyinkathazo yakho.

¹⁸⁴ Umzuzwana nje. Ucabangani ngakho na? Into efanayo na? Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uyiphulukisile leyonkathazo yezibilini, futhi, uyakusindisa na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke. Ya. Sukuma. Sekuphelile manje, qhubeka uthokoza. Hamba uthokoza.

¹⁸⁵ Lelonenekazi elincane lapha belinomoya omuhle kabi ngalokho, dadewethu, ukumtshela, imayikrofoni yakhe, lowomgogodla inkathazo obunayo, uyakholwa ukuthi isihambile na? Uma ukholwa, kulungile, yima ngezinyawo zakho, uMkholwe ngayo yonke inhliziyi yakho, usinde.

“Uma ukholwa!”

¹⁸⁶ Ucabangani ngaleyonkathazo yenhliziyi na? Uyakholwa ukuthi izokushiya na? Hamba ngendlela yakho futhi uthokoze futhi uthi, “Ngiyabonga, Nkosi.”

¹⁸⁷ Kulungile, mnumzane, lapha, woza lapha umzuzu nje. Uyathanda ukuyodla na? Hamba uzitholele ihembhega. UNkulunkulu akubusise.

¹⁸⁸ Ukwethuka, unokwethuka, unokucabanga okujulile, unqamula amabhuloho ngaphambi kokuba ufike kuwo, kukubangele ukuba ube ne-usa yokugaya ukudla esiswini sakho, ukudla kwakho kuba muncu futhi kuyabuya, sekuhambile manje. Qhubeka, ukholwa ngayo yonke inhliziyi yakho.

¹⁸⁹ Isifo samathambo, into elula ngempela kuNkulunkulu ukuba ayiphulukise. Uyakhukholwa lokho, mnumzane na? Khona-ke hamba nje ngendlela yakho, uthokoza, uthi, “Ngiyabonga, Nkosi Jesu,” futhi uphiliswe.

¹⁹⁰ Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzoyiphulukisa inkathazo yakho yenhliziyi na? Uyakholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Sukuma uhambe ngendlela yakho, uthokoze futhi, uthi, “Ngiyabonga, Nkosi.”

¹⁹¹ Ngiphosela inselelo ukukholwa kwenu, eGameni likaJesu, ukuba nibuke ngapha futhi nikholwe! Bangaki okholwayo ngenhliziyo yakho yonke na? Uthi, “Ngiyakholwa.” Yini

enye Angayenza na? Asisekho isidingo sokubiza amanye amakhadi khona manje, bekungaqhubeka ngize ngiwe. Kodwa leso yisithembiso sikaNkulunkulu. Niyakukholwa ukuthi yisithembiso saKhe na? Niyakholwa ukuthi UseBukhoni baKhe na? Khona-ke kothamisani amakhanda enu umzuzu nje.

¹⁹² Niyazi kuzofanele kuvele emandleni athize. Awu, niyakholwa njengoba kwenza iJuda ngosuku lwaKhe, ongakholwayo webandla loMthetho, ukuthi LinguBelzabule na? Lowo ngumvuzo wakhe, ozowuthola. Uma ukholwa ukuthi KwakunguNkulunkulu, uthola umvuzo waKhe. Manje, kholwa sisakhuleka.

¹⁹³ Nkulunkulu oPhakade, siyaKubonga ngoMoya weNkosi uJesu. O, ngikhuleka kuWe, Nkulunkulu, ukuba ube nomusa khona manje, nokukhuza konke ukugula phakathi lapha. Singabe sisangabaza kanjani na? UBukhona baKho bulapha, Uzibonakalisile Wena uqobo, Ulapha eZwini laKho, Wenza iZwi laKho liphile, sonke isithembiso siyiqiniso, ngakho-ke, Nkosi, nje, into kuphela ukuvimbela abantu ukuba baphulukiswe ngukungabaza. Kwangathi konke ukungabaza kungasuswa khona manje, futhi kwangathi uMoya oNgcwele ungashanela ungene kuzo zonke izinhliziyi, futhi manje thululela uBukhona baKhe phakathi lapho futhi ubazise ukuthi Wena unguMphulukisi, futhi ubasindise bonke. EGameni likaJesu Kristu, ngiyakucela. Amen.

¹⁹⁴ Uyakholwa ukuthi uphulukisiwe na? Uyakwemukela ukuphulukiswa kwakho na? Ubengenza noma yini enye na? Akukho okunye Abengakwenza. Uma ukholwa ukuthi uphulukisiwe, akunandaba ukuthi yini engalungile ngawe, yima ngezinyawo zakho futhi uMemukele njengoMphulukisi wakho. Sukumani, nina enifuna ukukholwa, phakamisani izandla zenu kuYe, niMbonge, nithi, “Malibongwe iGama laKhe.” Mniki udumo nenkazimulo.

INyanga eNkulu manje iseduze,
 UJesu onozwelo;
 Ukhuluma izinhliziyi eyethileyo ukuba
 zithokoze,
 Alikho elinye iGama kepha elikaJesu.

¹⁹⁵ Phakamisani izandla zenu nje futhi niMnike udumo, nithi, “Ngiyakubonga, Nkosi, ngokungiphulukisa,” futhi konke kuzophela nya. 

58-0214 UJesu Kristu, NguYena
Izolo, Namuhla, NaPhakade
ENational Guard Armory
ETerre Haute, E-Indiana E-U.S.A.

ZULU

©2026 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org